
# uSizwe u2-in-1

# wakwaKhumalo-Seegelken

eKhaya „KwaMachanca“ eJalimane

„Die-Zweifaltigkeit-in-Person!“

**kaNdindi noJonatani** bakwaKhumalo eBaQulusini




*Gqokela phandle, gqokela phandle, Njabulo!*

Phuthuma uvuse umnewenu, uMadoda, niyohlola imfuyo emadlelweni, nishaye ezilishumi nanye [11], niziqhube zingene esibayeni. Uzosondela umNdeni uhlole, uzidelise ukuthi zidle

zesutha ekwelusweni, azinasici, zisewumthimba wakwanokusho umNdeni ozazi ziyiwo kwasekudaleni.

Usezoqla-ke umnewenu, uMadodomuzi, ashaye inkunzi ezoqhutshwa phambili njengeNgqaqamazinyo sekubhekwe eKhweni lami, eMdletsheni, ayigagule, ayibongele, umNdeni ubheme ukholwe ukuthi bayoyemukela ngesasasa nabalamu bami, basemukele emabaleni kaNongqayi, uMdletshe, insika nophahla lomuzi, eselasihambela phambili – ekuphumuleni kwaphakade.

Usuzothatha-ke nawe, ushaye ozikhethela yona, inkomazi ezozihola zonke ezilishumi okuzolotsholwa ngazo, iyixine eduze inkunzi, iMgqaqamazinyo. YiNgquthu-ke leyo! Iqondé-nje ngqo entombini eyasizalela le ntokazi, uNtinginono, insizwa yakwethu uSizwe ayithanda, wayithandisisa, sayemukela izoqhetha elawini lezinsizwa eKhaya eMondlo, sejwayelana, sazana, safunda ukwazisana, UNtinginono wasazisa abakwabo, badaleka, bachuma ubuhlobo oselokhu bayihlanganisa imizi nemindeni yakwethu emaNtungweni neyaseMdletsheni kuze kube namhla lokhu. YiNgquthu-ke leyo, Njabulo!

Nizozishaya ngayinye ngayinye, nizihasha, nizibongela izinkomazi ezilishumi ezilandela , nibabaza ubuhle bokumisa kwazo. Nanso *emGwegwe, nanto *iGumgedlela, *uMqengqe *ofuzé uKhumalo uYihlo engimelamayo, uMfanuvele, esengumfanyana osakhula KwaBhanya, eBaQulusini, ababemntalela ngelika***Mqengqe*** ontanga yakhe eskoleni*

***eVlayhede*** - *i**Phixongo, *iNgcungu, *uMpondompondo, *iGodla, *iGubudu, *iGengenene, *iGedlekazi, *iMboxela, *uBhedula. Nansi nemisé ***oKwabafazibethwelizinkuni**. Nanso *eBafazibewel' amanzi, ilandelwa ngenhle kakhulukazi, emisé ***okwaBafazi-bephik'-icala!**

Ziyalilizela izintombi zakwenu,ziyaphulukundlela,zigiye izinsizwa zakwenu khona lapho. Niyaqhubeka noMadoda, nize nishaye, nibongele eyokugcina.

Sebezoqala-ke abakhona bafakane imilomo, becebisana ukuthi yiyiphi okufanele ihambe phambili, iNgquthu; ilandelwe yiyiphi, … … Nazo ezinye zazo, Ndodana: >>**iMFUYO kwethu eMaNtungweni-Seegelken eKhaya KwaMachanca eJalimane _ DIE RINDERHERDE bei uns eMantungweni-Seegelken Zuhause in KwaMachanca in Deutschland**

UMadodomuzi, **uMkhongi** usecuthé udlebe-ke lapho, uqokelela izeluleko, wethekela ulwazi azofike abahlabe ngalo umxhwele abaseKhweni lami, eMdletsheni ,,, ,,,

Phuthuma, Njabs, uyovusa umnewenu, uMadoda, niluqale olunikhomba kwelaseMahlabathini, phezu kweMfolozi-emnyama, eMdletsheni!

Ndlela nhle, nkambo nhle, Madodomuzi!

NguYihlo

**uSizwe | u`2-in-1´**

